

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lesithathu)

ISIKHATHI: 2½ Amahora

IMIKLOMELo: 120

IMIYALO

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
 - Esigabeni A khetha uphendule umbuzo owodwa.
 - Esigabeni B khetha isihloko esisodwa kumbuzo ngamunye.
 - Kanti esigabeni C khona khetha uphendule umbuzo munye.
-
-

ISIGABA A

UMBUZO 1

Kulesi sigaba phendula umbuzo **owodwa vo** bese ubhala kugcwale amakhasi amabili noma amagama angama-450 – 550.

1.1 Bhala indaba enalesi sihloko

Okuhle kanye nokubi uma ungumzali oyedwa ekhaya.

1.2

**MASIBUYISWE
ISIGWEBO SENTAMBO**

Iningi labantu lapha eNingizimu Afrika bacabanga ukuthi ukuze ubugebengu kanye nezigebengu ezibulala abantu abamsulwa kuphele nya kufanele kubuyiswe isigwebo sentambo.

Bhala-ke indaba uveze imizwa yakho ngokuqedwa kwesigwebo sentambo eNingizimu Afrika.

Yiphe isihloko indaba yakho.


1.3

**ABAVUNYELWANGA
ABANEMINYAKA
ENGAPHANSI KUKA 18**

Ingabe kusekhona yini isidingo sokunqunywa kweminyaka emphakathini osuthuthukile? Bhala indaba ngokuthi ubheke ngaphansi kwalezi zihlokwana?

- Ukunqunywa kweminyaka kumathelevishini nezithombe.
- Ekuthengisweni kotshwala.
- Ukungena kwezinye izindawo zomphakathi.
- Ukunqunywa kweminyaka ekuvoteni.
- Ukunqunywa kweminyaka ekutholeni izincwadi zokushayela.

1.4 Bhekisisa lezi zithombe ezilandelayo



Bhala indaba ehlwabusayo uqhathanise imibono amadoda kanye nabafazi abanayo ngesidingo sokuthi kufanele kube khona ukuxoxisana uma ninobuhlobo noma uma nishadile.

Yiphe isihloko le ndaba.

- 1.5 Ngifisa ukuthi ngabe ngalalela abazali bami. Bhala indaba uchaze ukuthi yisiphi iseluleko abazali bakho abakupha sona, kodwa manje uyazisola ngokuthi iseluleko lesa wasishaya indiva.

Yiphe isihloko le ndaba.

IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]

ISIGABA B

UMBUZO 2


Kulesi sigaba khetha incwadi **eyodwa** bese ubhala kugcwale ikhasi nengxenywe sekuhlangene nekheli noma amagama ayi-180 – 200.

- 2.1 Unyokolume ubekade ekuphe imali yokuthi uyochitha iholide elikhethekile ngoJulayi. Impela wanethezeka. Mbhalele incwadi umbonge ngomusa wakhe. Mtshale ukuthi yiziphi izindawo oye wazivakashela futhi yikuphi okukuthokozisile.
- 2.2 Bhalela uNsumpa kaKopeletsheni wendawo yangakini umcele ukuthi kwakhiwe indawo yomtapo wezincwadi (library) futhi ezokwazi ukufeza izidingo zabantu bendawo abangakaze balubhade esikoleni.

[20]

UMBUZO 3

Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso ugcwalise ikhasi noma amagama ayi-180 – 200.



3.1 Ingxoxo ngocingo

“Yonke into ihamba kahle” Alubeke phansi ucingo. Uyasukuma kancane esihlalweni unikina ikhanda, ubuka emnyango ngaphandle uyacabanga “Cha angeke impela yonke into ayihambi kahle”.

Bhala ingxoxo yakho noZanele/Mbongiseni ebeniyixoxa ngocingo. Ingxoxo yakho mayikhombise impela ukuthi uphatheke kabi futhi aweneme neze.

NOMA

3.2 Izakhamuzi zendawo esezingeni eliphezulu azeneme kahle ngokwanda kwemijondolo eduzane nalapho zakhe khona. Sezihlongoze ukuthi akususwe imijondolo kodwa abanikazi bemijondolo bathi ngumhlaba wabo lona abakhe kuwo imijondolo. Bathi basuswa ngendondlo eminyakeni engama-25 eyadlula nguHulumeni owayechemile, omabili la maqembu aye abamba umhlangano ophuthumayo ukuzoxazulula le nkinga ngendlela efanele.

Ungunobhala wale nhlangano. Bhala-ke amaminithi alo mhlango.

[20]

UMBUZO 4

4.1 Kulo mbuzo khetha isihloko **esisodwa** ubhale ugqwalise ikhasi noma amagama angama-80 – 100

UMPHATHI WEHHOTELE
UMPHATHI WEHHOTELE Emfuleni Resort
ihhotela eliphambili eLigwa udinga umphathi
ozobhekana nokuphatha imisebenzi yansuku
zonke ehhotela, abasebenzi nesabelo sezimali.

- Ø Akudingeki ulwazi lwangaphambili (experience)
- Ø iholo (kuzoxoxiswana)

Bhala uhlelo lokuzazisa ozoluthumela maduze nje.

4.2 Bhala isikhangisi esizogqugquzela ukuvulwa kwenkundla yezemidlalo enhlobonhlobo endaweni yakini. Kufanele ukhangise ngezinto ezitholakala kule nkundla, ubeke nezizathu ezimbalwa zokuthi kungani abantu befanele ukuvakashela le ndawo.

[10]

IMIKLOMELO YESIGABA B:

[50]

ISIGABA C

Phendula umbuzo **owodwa** vo kulesi sigaba. Khetha u-5.1 noma u-5.2 noma u-6.1 noma u-6.2

**UMBUZO 5
UBUCIKO BOMLOMO**

Inkosi Yinkosi Ngabantu – C.T. Msimang

- 5.1.1 Ziyini izibongo? (1)
- 5.1.2 Izisho zehluka ngani ezageni?
Nikeza kube kubili. (4)
- 5.1.3 Hlobo luni lwenganekwane insumo? Chaza unikeze nesibonelo. (2)
- 5.1.4 Uyavuma yini ukuthi umzekelo inganekwane ethinta umlando? Yini pho edala ukuba lo mlando ube yinganekwane? Chaza ucacise nangesibonelo esitholakala kule ncwadi. (4)
- 5.1.5 Veza izimpawu ezimbili zobunkondlo ezitholakala kulesi sithakazelo Sibiya
Sibiya ngenkomo
Abafokazana bebiya ngamahlahla (4)
- 5.1.6 (a) Ake uchaze ukuthi siyini isiphicaphicwano. (2)
(b) Nikeza okuthathu okuveza ukubaluleka kweziphicaphicwano. (3)
- 5.1.7 Siyini isilandelo? (2)
- 5.1.8 Shono ukuthi izisho ezilandelayo zibumbeke kanjani:
(a) Ukugaya izibozi. (2)
(b) Ukuba yinkomo enombala. (2)
- 5.1.9 Shono usizo lokuxoxwa kwezinganekwane. Bhala kube kubili. (2)
- 5.1.10 Nikeza kube kubili okuveza ukubaluleka kwezaga. (4)

[30]

NOMA

5.2 Qhathanisa inganeko ethi 'Inkosikazi esenyangeni' kanye nenganekozilwane ethi 'Uheshane nezinkukhu', ngaphansi kwalezi zihlokwana.

- 5.2.1 Indikimba. (6)
5.2.2 Abalingiswa. (8)
5.2.3 Isakhiwo. (16)
[30]

NOMA

UMBUZO 6

IZINDABA EZIMFUSHANE NAMA-ESEYI

Umlabalala – O.E.H.M. Nxumalo

6.1 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

Isiqeshana A

Ziqathake izinyembezi. Ngisukume. Ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla. Ngiwucishe umsakazo. Ngizesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni. "Uyazi uyangixaka namuhla Ndumiso. Uyangixaka impela," asho angigqolozele uNomkhosi. Ngithule. Ngibheke phansi. "Kawusho Ndumiso, yini ngempela? Kukhulu okukudlayo kodwa kawufuni ukungitshela. Kangazi ukuthi usuqale nini ukungangitsheli uma kukhona okungakuphetha kahle. Selokhu ngifikile nje, kawukhombisi nokuncane ukwesasa lokhu. Ngeke uze usho ukuthi uhleli nomuntu omthandayo, okuthandayo."

- 6.1.1 Ingabe kuliqiniso yini ukuthi izinyembezi zikaNdumiso ngezothando? Chaza kafushane. (3)
6.1.2 Uhlobana kanjani uNomkhosi noNdumiso? (1)
6.1.3 Kunengwijikhwebu kule ndaba. Ichaze. (4)
6.1.4 Ucabanga ukuthi baxatshaniswe yini oNdumiso noNomkhosi? (2)
6.1.5 Sizathu sini esenza ukuba uNdumiso angamniki uThembisile ikheli lakhe? (2)
6.1.6 Sithini isihloko sale ndaba emfushane? (1)
6.1.7 Ake uphawule kafuphi ngalesi sihloko osinikezile ngenhla. (2)
[15]

Isiqeshana B

**UKUSIKA UKHASI
DBK Mhlongo**

Ake ihambe-ke imoto le. Umshayeli usezovele akhiphe hleze u-R20, “ilobolo”. Ingani njalo sekuzothengwa amazambane lawa agazingiwe neziphuzo lezi ezisawolintshi. Uma kuthuke kubuya ushintshi oluhlweza, mshayelindini usutshela “umgibeli” lona obethunyiwe ukuthi angawugcina ephaketheni lakhe ushintshi lowo. Asho nokusho umshayeli ukuthi isimo sakhe sokuphila asizwani nokuba agcine imali eluhlweza emaphaketheni akhe. Kuphela ubuyena buzwana naleyo engamaphepha. Nakho-ke ukugqemeza, ukusika ukhasi isibili. Nokho kuye kumangalise nje ukuthi uma imali engamaphepha ithi yena, kungani angavele akhiphe unyonyovu olunyelelayo lwemoto. Hhayi bantu, ziningi izindlela zokuwela umfula. Mlisandini lowo usuke azi kahle ukuthi akekho noyedwa ozocinga ephaketheni ukuthi kusaleni njengoba ebesehipha u-R20 obungubaba nomame. Lona osuke ewukhipha, usuke ewukhiphela phezu kwelikhulu ithemba, “likaphonsa isinkwa sakho ngenhla, uzosithola ngezansi.”

- 6.1.8 Ngokuzwa kwakho le-eseyi, ucabanga ukuthi yini ububi bokusika ukhasi? Shono kube kunye bese unikeza nesibonelo. (2)
- 6.1.9 Uqondeni umbhali ngaleli gama “umgibeli”? (1)
- 6.1.10 Ucabanga ukuthi iyamjabulisa yini umbhali indlela le nsizwa esika ngayo ukhasi? Chaza. (3)
- 6.1.11 Hlobo luni lwe-eseyi lolu? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.1.12 Kuliqiniso yini ukuthi ukusika ukhasi akuyona into eqala namuhla? Sekela impendulo yakho. (3)
- 6.1.13 Yibaphi abanye abashayeli umbhali athi bathanda ukusika ukhasi ngaphandle kwalabo okukhulunywa ngabo esiqeshini? (2)
- 6.1.14 Nikeza amagama amabili asho ukusika ukhasi asetshenzisiwe kule – eseyi. (2)

[15]

[30]

NOMA

6.2 Veza umehluko okhona phakathi kwendaba emfushane ethi “Unembeza” kanye ne – eseyi ethi “Ukulungiswa kwezinwele” ngaphansi kwalezi zihlokwana:

6.2.1	Isihloko.	(3)
6.2.2	Isingeniso.	(9)
6.2.3	Isizinda.	(3)
6.2.4	Ubude benkulumo-mpendulwano.	(5)
6.2.5	Ukujeqeza emuva.	(5)
6.2.6	Isiphetho.	(5)

IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 120